**Publication:** KZN Namuhla
**Title:** UMnyango uvivela iFourth Industrial Revolution
**Publish date:** 26 July 2019
**Reach:** 10000
**AVE:** R 11189.1
**Author:** SIBONGISENI THABETHE

# UMnyango uvivela iFourth Industrial Revolution



**UMphathiswa uMnu Mxolisi Kaunda uthi konke kumi ngomumo ukuba uMnyango wakhe ulethe izinguquko kwezomnotho emkhakheni wezokuthutha. Lapha uhleli noMphathiswa wezokuHlaliswa kwaBantu nemiSebenzi yoMphakathi uNkk Peggy Nkonyeni noweze Mfundo uMnu Kwazi Mshengu esiShayamthetho. -** *Isithombe: Mbuyiselo Ndlovu*

**SIBONGISENI THABETHE**

UMNYANGO wezokuThutha usuzibophezele ngokuheha amakhono awufanele njengomnyango osebenza kakhulu ngezobuchwepheshe, uMphathiswa uMxolisi Kaunda ukusho lokhu ngesikhathi ethula isabelomali soMnyango wakhe.

Ukuze kufezeke lokho, phakathi kokunye, uKaunda uthe kuzokwenziwa ucwaningo lwamakhono lwangaphakathi. Lokhu kuzosisiza ekutheni sibheke igebe lamakhono nezinsiza zobuchwepheshe ezidingakalayo ukuze senze umsebenzi ngendlela njengoba singena esikhathini sobuchwepheshe i-Fourth Industrial Revolution.

"Ucwaningo lwamakhono futhi luzosiza ukwakha ithimba elinamandla okwenza umsebenzi bese kuncipha ukuthembela ezinkampanini ezizimele. Sesenze okuningi ukunciphisa ukuthembela ezinkampanini ezizimele, kuhlanganisa ukuqeqesha nokweseka ama-technician ethu ukuba abhalise njengochwepheshe ngokugcwele (professionals)," kusho uKaunda.

Uhlaka lwe-Engineering Council of South Africa Academy (ECSA) Joint Working Group selusunguliwe ukusheshisa ukusungulwa kwesikhungo sokubhalisa ngokusemthethweni kwasebefundile (candidates). UMnyango unohlelo lokuqeqesha olusiza ukubhalisa ngokusemthethweni abasebenzi abangochwepheshe njengoNjiniyela, ama-Technologist nama-Technician.

"Njengamanje kunabasebenzi abangu-82 abangochwepheshe ababhalisile ngokusemthethweni eMnyangweni, abangu-55 ababhaliswe ngaphansi kwe-ECSA bese kuthi abangu-27 bona babhaliswe ngaphansi kwe-South African Geomatics Council emikhakheni eyehlukene. Abasebenzi abangochwepheshe abangu-46 basalindele ukuphothulwa kwezinhlelo zemikhandlu ehlukene yonjiniyela," kusho uKaunda.

UMnyango uqalise ngoqeqesho lwangaphakathi ekuhleleni ukuma komgwaqo (design) lapho eminye imigwaqo enamabhuloho kuhlelwa ngaphakathi. UMnyango uphinde wathumela amanye ama-candidates engineer emasayithini okwakha lapho eba ngama-resident engineer nabasizi bama-resident engineer.

Eminye imigwaqo manje isihlelwa iphinde iphathwe ngaphakathi eMnyangweni, okuzonciphisa ukwethembela ezinkampanini ezizimele bese kuqinisa amandla ngaphakathi eMnyangweni.

Phakathi kwamaphrojekthi ahlelwe futhi aphathwa ngaphakathi eMnyangweni kubalwa u-D77 oseNtembisweni, D348 oseMshwathi, P234 KwaNongoma – Mkhuze no-P113 ose-Highflats.


www.meltwater.com/za | Cape Town: +27 21 838 5100 | Johannesburg: +27 11 028 2172 | Copyright © Meltwater News (Pty) Ltd.